

## Inspiration for a new year

**Every day all across South Africa reading activists like us (and you!) help children to discover the joy of books. Sometimes the children we share stories with are our own children, but often they are also the children in our classrooms, libraries and reading clubs. And we are part of a wider community of adults across the world who are committed to making sure that our children experience the power that reading holds!**

Helping children to establish the habit of reading for enjoyment takes time and energy – it happens as we share books and stories with children again and again. And to keep doing this, we need to stay motivated. So, to help us walk with children on their literacy journeys in 2016, here are the stories of a few inspiring individuals and communities beyond our borders who have found different ways to spark and encourage a love of reading.

- ★ Courtney Holmes is a barber from Iowa in the USA. He started a reading programme called “Tales 4 Trims” at the hair salon where he works! Instead of asking for money for back-to-school haircuts, he asks the children to read aloud to him from the books he has available while he cuts their hair! When he first started Tales 4 Trims, the salon didn’t have any children’s books, so Courtney brought in his own books from home. After a while, people started sending him free books. And to prove how good ideas really do catch on, the owner of the salon is now planning to make “reading for haircuts” a monthly event at the salon!
- ★ In the city of Bristol in the USA, a van has been turned into a “Bookmobile” that travels from district to district promoting reading in areas where children can’t get to the library – either because they live too far away or because their parents work long hours and so can’t take them. The van is stocked with board games and books for children to read there or to take home. The staff of the Bookmobile also read aloud to children and give away books that have been donated to the Bookmobile.

*Continued on page 2.*

## Isikhuthazo sonyaka omusha

**Nsuku zonke eNingizimu Afrika yonkana izishosho zokufunda ezifana nathi (kanye nawe!) zisiza izingane ukuthi zithole ubumnandi bezincwadi. Ngesinye isikhathi izingane esabelana ngezindaba nazo ziyizingane zethu, kodwa isikhathi esiningi ziyizingane futhi ezisemagumbini ethu okufundela, emitatsheni yethu yezincwadi kanye nasemathimbeni ethu okufunda. Futhi siyingxenye yomphakathi wabantu abadala obanzi wasemhlabeni wonke ozibophezele ekuqinisekiseni ukuthi izingane zethu zizwa amandla asekwafundeni!**

Ukusiza izingane ukuthi zibe nomkhuba wokufundela ukuzithokozisa kuthatha isikhathi kanye namandla – kwenzeka ngesikhathi sabelana ngokuphindaphinda ngezincwadi kanye nezindaba nezingane. Kanti ukuze siqhubeke nokwenza lokhu, kumele sihlale sikhuthazekile. Ngakho-ke, ukuze usisize ukuthi sihambe nezingane ohambeni lwazo lokwazi ukufunda nokubhala ngowezi-2016, nazi izindaba zabantu kanye nemiphakathi esinika intshisekelo engaphandle kwemingcele yethu abathole lezi zindlela ezahlukene zokokhela inhlansi kanye nokukhuthaza ukuthanda ukufunda.




- ★ UCourtney Holmes ongowesilisa ogunda izinwele ovela e-Iowa eMelika. Waqala uhlelo lokufunda olubizwa ngokuthi yi-“Tales 4 Trims” endaweni yokucwala izinwele asebenza kuyo! Esikhundleni sokuthi acele imali ngokugunda izinwele kulungiselelwa ukubuyela esikoleni, ucela izingane ukuthi zimfundele kakhulu ezincwadini anazo, ngenkathi ezigunda izinwele! Lapho eqala iTales 4 Trims, indawo yokucwala izinwele yayingenazo izincwadi zezingane, ngakho uCourtney weza nezakhe ekhaya. Ekuhambeni kwesikhathi, abantu baqala ukumthumelela izincwadi zamahhala. Kanti ukufakazela ukuthi umqondo omuhle wokheleka kanjani, umnikazi wendawo yokucwala izinwele uhlale ukwenza i-“reading for haircuts” (ukufundela ukugundwa) umcimbi wanyanga zonke endaweni yokucwala izinwele!
- ★ Edolobheni laseBristol eMelika, iveni seyiphendulwe i-“Bookmobile” ehamba isifunda nesifunda ikhuthaza ukufunda ezindaweni lapho izingane zingenakufinyelela khona emitatsheni yezincwadi – okungaba ngenxa yokuthi zihlala kude kakhulu noma ngenxa yokuthi abazali bazo besebenza amahora amade ngakho-ke abakwazi ukuzihambisa. Iveni igcwele imidlalo yasoqwebeni kanye nezincwadi ezizofundwa yizingane lapho noma ezizoya nazo ekhaya. Abasebenzi bakuBookmobile bafundela nezingane kakhulu futhi baphisana nangezincwadi ezinikelwe kuBookmobile.

*Kuyaqhubeka ekhasini lesi-2.*



Drive your imagination

Story Power.  
Bring it home.  
Walethe ekhaya amandla endaba.




From page 1

- ★ The town council of Grenoble in France has found a new way to get stories to people. They have put eight vending machines across the town and these machines have something other than chocolates, chips and sweets to offer members of the public. Anyone can get a short story free of charge from one of the machines – all you have to do is press one or two buttons and a printed story comes out! You can even choose if you want a really short story (that takes about three minutes to read) or one that is a bit longer (five minutes)!
- ★ The Biblio Burro is a travelling library in Colombia that takes books to children in some of the country's poorest and most difficult-to-reach areas – and it does this on the back of two donkeys! The library was started with just 70 books in the late 1990s by book-lover and primary school teacher, Luis Soriano. Since then many people have got to know about the project – it has been featured in television news reports and there is a video about it on YouTube! This has helped Luis to keep the project going and to grow his collection of books to about 4 800. Work has started on building a small library, but Luis still uses his donkeys to take books to children who might never see books if he didn't visit them regularly!
- ★ "500 Men Reading" is a project started by literacy activist and author, Floyd Stokes who lives in Central Pennsylvania in the USA. Floyd believes it is very important for children to have contact with adults who are passionate about reading – especially men, because in lots of communities, it is women who do all the reading or telling of stories to children. Floyd and his network of volunteers go into local schools and get children interested in reading by spending an hour or two reading to them. Clearly many other people think this is a good idea because in only a few years, the project has grown from 100 men to 500 men!

In 2016, we hope you will continue to feel inspired to join hands with the people around you and from all over the world who care about growing a love of books and reading in children!

Children who are not spoken to by live and responsive adults will not learn to speak properly. Children who are not answered will stop asking questions. They will become incurious. And children who are not told stories and who are not read to will have few reasons for wanting to learn to read.

Gail E. Haley, storyteller, puppeteer, award-winning children's book author and illustrator



Kuqale ekhasini loku-1

- ★ Umkhandlu wedolobha laseGrenoble eFrance usuthole indlela entsha yokuhambisa izindaba ebantwini. Babeke imishini yokuthengisa (vending machine) eyisishiyagalombili edolobheni lonke kanti le mishini inokuthile okuhlinzeka amalungu omphakathi okungebona oshokoledi, amashibusi kanye namaswidi. Noma ubani angathola indaba emfushane mahhala komunye wemishini – kuphela kumele uciphize inkonkono eyodwa noma ezimbili bese kuphuma indaba ephrintive! Uyakwazi futhi nokukhetha ukuthi ngabe ufuna indaba emfushane kakhulu (ethatha imizuzu engaba mithathu ukuyifunda) noma le ethe ukuba yindana (imizuzu emihlanu)!



Izingane abangaxoxi nazo abantu abadala abaphilayo futhi abakhombisa imizwa angeke zikwazi ukufunda ukukhuluma kahle. Izingane ezingaphendulwa zizoyeka ukubuza imibuzo. Zizoyeka ukufuna ukwazi ukuthi kuzokwenzekalani. Futhi izingane ezingaxoxelwa izindaba, nezingafundelwa zizoba nezizathu ezimbalwa kakhulu zokufuna ukufunda ukufunda okubhaliwe.

UGail E. Haley, umxoxi wezindaba, umdlalisi maphaphethi, kanye nombhali kanye nomdwebi wemifanekiso yezincwadi zezingane ozuze imiklomelo

- ★ IBiblio Burro umtapo wezincwadi ohambela izindawo waseColombia ohambisa izincwadi ezinganeni zasezindaweni zabantu abampofu kakhulu baleli zwe kanye nezindawo okunzima ukufinyelela kuzo – ulayishwe emihlani yezimbongolo ezimbili! Umtapo wezincwadi wasungulwa umthandi wezincwadi kanye nothisha wasemabangeni aphansi ngezincwadi ezingama-70 ekupheleni kweminyaka yawo-1990, uLuis Soriano. Kusukela ngaleso sikhathi baningi abantu asebenzi ngeprojekthi – seyibonise ezindabeni zikamabonakude kanti futhi kunevidiyo emayelana nayo kuYouTube! Lokhu sekusize uLuis ukuthi agcine iprojekthi iqhubeka nokuthi andise iqoqo lakhe lezincwadi liyofinyelela kwezilinganisela ezi-4 800. Sewuqaliwe umsebenzi wokwakha umtapo wezincwadi omncane, kodwa uLuis usasebenzisa izimbongolo zakhe ukuhambisa izincwadi ezinganeni okwakungenzeka zingaziboni izincwadi ezimpilweni zazo uma ebengazivakasheli njalo!
- ★ I-"500 Men Reading" yiprojekthi eyaqalwa ngokhuthaza ukwazi ukufunda nokubhala nongumbhali, uFloyd Stokes ohlala eCentral Pennsylvania eMelika. UFloyd ukholelwa ekutheni kubalulekile ukuthi izingane zixhumane nabantu abadala abakuthanda kakhulu ukufunda – ikakhulukazi abesilisa, ngoba emiphakathini eminingi, ngabantu besifazane abafundela nabaxoxela izingane izindaba. UFloyd kanye namavolontiya asebenzisana nawo baya ezikoleni zendawo bese benza ukuthi izingane zikuthande ukufunda ngokuchitha nazo ihora noma amahora amabili bezifundela. Kucacile ukuthi abantu abaningi bakubona kuyisu elihle leli ngoba eminyakeni embalwa nje, iprojekthi ikhule isuka kumadoda ayi-100 ukuya emadodeni angama-500!

Ngowezi-2016, sithemba ukuthi uzoqhubeka nokuba nentshisekelo yokuhlanganyela nabantu abaseduze nawe nabasemhlabeni wonke abanothando lokuthuthukisa ukuthandwa kwezincwadi kanye nokufunda ezinganeni!

## World Read Aloud Day 2016

World Read Aloud Day is being celebrated early this year – on Wednesday, 24 February. Look out for our special World Read Aloud Day edition of the Nalibali Supplement, which will be available in the week of 14 February. It will have a special World Read Aloud Day cut-out-and-keep book featuring Neo from the Nalibali family! For information on how to get involved in Nalibali World Read Aloud Day activities, go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

## Usuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu lowezi-2016

Usuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu luguquleni konyaka kulo nyaka – ngoLwesithathu, mhla zingama-24 kuNhlolanja. Bheka ushicilelo lwethu olukhethekile loSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu lwesithasiselo sethu sakwaNalibali, esiyotholakala ngesonto langomhla ziyi-14 kuNhlolanja. Siyoba nencwadi ekhethekile oyisika uyikhiphe bese uyigcina yoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu ezobe ingoNeo ovela emndenini wakwaNalibali! Ukuze uthole olunye ulwazi lokuthi ungazibandakanya kanjani emisebenzini yoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu yakwaNalibali, iya ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Drive your imagination



## Nal'ibali news

**During 2015, Puku Children's Literature Foundation ran an isiXhosa story writing competition for young people between the ages of 13 and 19 years.**

The competition was sponsored by REDISA (Recycling and Economic Development Initiative of South Africa), and supported by Nal'ibali. The competition was aimed at celebrating and preserving the isiXhosa language and rich heritage of storytelling, as well as raising awareness of the importance of taking care of the environment.

In September 2015, the ten finalists in the competition were brought to Cape Town for an award ceremony that was hosted by acclaimed storyteller, Dr Gcina Mhlophe. All the finalists were presented with a certificate, a gold medal and a gift bag that included books by award-winning writers Siphon Kekezwa and Sonwabiso Ngcowa. (Both writers were at the ceremony so they could sign their books for each finalist!)

There were tears of joy when the three winners were announced. Nwabisa Gasas from Khayelitsha (Western Cape) won the first prize of R10 000. Amkele Nokrala from Philippi East (Western Cape) won the second prize of R5 000 and Simamkele Socishe from Port Elizabeth (Eastern Cape) won the third prize of R3 000.

Nal'ibali would like to congratulate all the finalists, and especially the winners!

## Izindaba zakwaNal'ibali

**Ngowezi-2015, iPuku Children's Literature Foundation iqhuba umncintiswano wokubhala izindaba ngesiXhosa wezingane ezineminyaka ephakathi kweyi-13 neyi-19.**

Umntcintiswano wawuxhaswe iREDISA (Recycling and Economic Development Initiative of South Africa), futhi wesekwa uNal'ibali. Kwakuphokophelwe ngomncintiswano ukuthi kugijwe futhi kuginwe ulimi lwesiXhosa kanye nefa elinohle lokuxoxwa kwezindaba, kanye nokuqwashisa ngokubaluleka kokunakekela indawo esiphila kuyo.

NgoMandulo wezi-2015, abayishumi abaphambili kwababegokwe emncintiswaneni balethwa eKapa emcimbini wokuklomelisa owawuphethwe umxoxi wezindaba odumile uDkt. Gcina Mhlophe. Bonke ababehamba phambili kwabaqoqiwe banikwa isitifiketi, indondo yegolide kanye nesikhwama seziphos esasinezincwadi zababhali abawine imiklomelo uSiphon Kekezwa kanye noSonwabiso Ngcowa. (Ababhali bobabili babekhona emcimbini ukuze basayinde izincwadi zalawo nalowo kwabahamba phambili!)

Kwakunezinyembezi zenjabulo ngesikhathi kumenyezela abaphumelele abathathu. UNwabisa Gasas waseKhayelitsha (eNtshonalanga Kapa) wathola umklomelo wokuqala wezi-R10 000. U-Amkele Nokrala wasePhilippi East (eNtshonalanga Kapa) wathola umklomelo wesibili wezi-R5 000 kanye noSimamkele Socishe wasePort Elizabeth (eMpumalanga Kapa) owathola umklomelo wesithathu wezi-R3 000.

UNal'ibali uthanda ukubongela bonke abaphambili abaqoqiwe, ikakhulukazi abaphumelele.



Mark Chipps

The top three winners with their parents. From left to right: Simamkele Socishe (3rd prize), Nwabisa Gasas (1st prize) and Amkele Nokrala (2nd prize).

Abathathu abaphumelele kanye nabazali babo. Kusuka kwesokunxele ukuya kwesokudla: USimamkele Socishe (othole umklomelo wesi-3), uNwabisa Gasas (othole umklomelo woku-1) kanye no-Amkele Nokrala (othole umklomelo wesi-2).



Mark Chipps

Gcina Mhlophe announces the top winner, Nwabisa Gasas, while Elinor Sisulu and Ziyanda Gysman of Puku look on.

UGcina Mhlophe umemezela ophume phambili, uNwabisa Gasas, ngesikhathi kubukele u-Elinor Sisulu kanye noZiyanda Gysman basePuku.



### NAL'IBALI ON RADIO!

Tune in to your favourite SABC radio station and enjoy listening to children's stories! To find out the days and times that Nal'ibali is on the radio, go to [www.nalibali.org/audio-downloads/](http://www.nalibali.org/audio-downloads/).



### USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela isiteshi sakho somsakazo sakwa-SABC osithandayo bese uthokozela ukulalela izindaba zezingane! Ukuze uthole izinsuku kanye nezikhathi angena ngazo emsakazweni uNal'ibali, iya ku-[www.nalibali.org/audio-downloads/](http://www.nalibali.org/audio-downloads/).





## Get story active!

Here are some ideas for using the two picture books and the longer Story Corner story in this supplement. Choose the ones that best suit your children's ages and interests.

### Momma Moeng's surprise

Momma Moeng wants to surprise Gogo Moeng at her home on her birthday – and she gets a lot of help from other people. When she arrives at Gogo Moeng's house she gets a surprise of her own! Children of all ages will enjoy this story and it is also a great story to retell.

- As you read the story, suggest that your children join in by saying the sounds words, like *bobbity-bob* and *pliff-ploff* with you.
- Suggest that your children choose a part of the story that does not have an illustration and draw a picture for it. Let them copy out the words from the story to go with their pictures.
- Invite your children to write a list of all the things that the people in the story gave to make Gogo Moeng's birthday celebration special. Then ask them to add three things that they would like to have given Gogo if they had visited her on her birthday.
- Encourage your children to make their own birthday cards for a friend or family member whose birthday is soon.
- If you run a reading club or other reading-for-enjoyment programme, ask the children to get into groups and act out the story for the rest of the club members.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo okusebenzisa izincwadi ezinezithombe ezimbili kanye nendaba ethande ukuba yinde yeKhona Lezindaba ezikulesi sithasiselo. Khetha lezo ezihambisana kahle neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.



### UMama Moeng wenza obekungalindelekile

UMama Moeng ufuna ukwenzela uGogo Moeng okungalindelekile ekhaya lakhe ngosuku lwakhe lokuzalwa – kanti uthola usizo nakwabanye abantu abaningi. Uma efika endlini kaGogo Moeng uthola abengakulindlele! Izingane zayo yonke iminyaka zizoyithokozela le ndaba futhi yindaba emnandi ongayixoxa kabusha.

- Ngesikhathi ufunda indaba, yenza isiphakamiso sokuthi izingane zakho zihlanganyele kanye nawe ekubizeni amagama emisindo, afana no-*bham-bham-bham no-phaqa-phaqa*.
- Yenza isiphakamiso sokuthi izingane zakho zikhethe ingxenye yendaba engenawo umdwebo bese ziyidwebela isithombe. Zivumele ukuthi zibhale amagama asendabeni azohambisana nezithombe zazo.
- Mema izingane zakho ukuthi zibhale uhlu lwazo zonke izinto ezinikelwe abantu endabeni ukuze kwenziwe usuku lokuzalwa lukaGogo Moeng lube ngolukhethekile. Bese uzicela ukuthi zengeze izinto ezimbili ebezingathanda ukuzinikeza uGogo ukuba bezikwazile ukumvakashela ngosuku lwakhe lokuzalwa.
- Khuthaza izingane zakho ukuthi zizenzele awazo amakhadi osuku lokuzalwa abangani noma ilungu lomndeni elizoba nosuku lokuzalwa maduze nje.
- Uma uqhuba ithimba lokufunda noma uhlelo lokufundela ukuzithokozisa, cela izingane ukuthi zihlale ngamaqembu bese zilingisa indaba zibukelwe yiwo wonke amalungu ethimba.

### Daddy's surprise

This is another story about a surprise. Sisi and her brother want to play with their toys but their dad is using the toys to create something new for them to play with – and that's the surprise! Children aged between 3 and 9 years are most likely to enjoy this story.

- As you read the story together, notice the details in the pictures and comment on them. For example, on page 3, point out the sign on the door and explain that it means "no entry". Then you could say, "I wonder who is making all that noise behind the door. Maybe it is Sisi's dad. What do you think he could be doing? Why do you think he doesn't want anyone to come inside?"
- Talk about Daddy's surprise on page 14–15. What is the surprise? What has the children's dad used to make the surprise? How do you think the children feel about the surprise?
- Challenge your children to create their own surprises using old egg cartons, cardboard boxes, toilet rolls, bottle tops, plastic bottles and lids, polystyrene trays, string, wool and other interesting recycled materials, together with scissors, project glue and paint.



### UBaba wenza obekungalindelekile

Le enye indaba ngokwenzelwa okungalindele. USisi kanye nomfowabo bafuna ukudlala ngamathoyizi akhe kodwa ubaba wabo usebenzisa amathoyizi abo ukuze abakhele into entsha abazodlala ngayo – yilokho-ke okungalindelekile! Izingane ezineminyaka ephakathi kwemi-3 kanye neyi-9 zingase ziyithokozele le ndaba.

- Ngesikhathi nifunda indaba ndawonye, qaphela imininingwane esezithombeni bese uphawula ngayo. Isibonelo, ekhasini lesi-3, khomba uphawu olusesicabheni bese uchaza ukuthi kungani lusho ukuthi "ungangeni". Ungase uthi, "Kazi ubani lo owenza umsindo ongaka ngaleya kwesicabha. Mhlawumbe ubaba kaSisi. Ngabe ucabanga ukuthi wenzani? Ngabe ucabanga ukuthi kungani engafuni ukuthi kungene muntu ngaphakathi?"
- Xoxani ngalokho okungalindelekile okwenziwe uBaba ekhasini le-14–15. Yini le engalindelekile? Ngabe usebenziseni ubaba wezingane ukuze enze okungalindelekile? Ngabe ucabanga ukuthi izingane zizizwa kanjani ngokungalindelekile?
- Phonsela inselele izingane zakho ukuthi zizenzele okwazo okungalindelekile zisebenzisa amakhathoni amadala amaqanda; amabhokisi amakhadibhodi, amaroli ephapha langasese, izivalo zamabhodlela, amabhodlela eplastiki kanye nezivalo, amathreyi epholisteyirini, intambo, iwuli kanye nezinye izinto ezingaphinde zisetshenziswe kabusha ezihlaba umxhwele, kanye nezikele, iglu yamaphrojekthi kanye nopende.

### Pat, the singing rhino

This is the story about a rhinoceros who could sing beautifully, but then lost his voice. Enjoy reading the story aloud or retelling it, then discuss some of these things with your children.

- Why do you think Pat lost his voice?
- Why do you think he only found it when he went home?
- The old woman tells Pat that we should only do things with love in our hearts. Do you think she is correct?
- What did you learn from the story?



### UPat, ubhejane oculayo

Le indaba emayelana nobhejane owawukwazi ukucula kamnandi, kodwa wase ulahlekelwa yizwi lawo. Thokozela ukufunda indaba kakhulu noma ukuyixoxa kabusha, bese uxoxa ngezinye zezinto nezingane zakho.

- Ucabanga ukuthi kungani uPat elahlekelwe izwi lakhe?
- Ucabanga ukuthi kungani elithole kuphela ngokuba aye ekhaya?
- Isalukazi sitshela uPat ukuthi kumele senze izinto sinothando kuphela ezinhliziyweni zethu. Ngabe ucabanga ukuthi usho entshweni?
- Ngabe ufundeni endabeni?

### Create TWO cut-out-and-keep books

- Take out pages 5 to 12 of this supplement.
- The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
- Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - Fold each sheet in half along the black dotted line.
  - Fold it in half again along the green dotted line.
  - Cut along the red dotted lines.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina!

- Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
- Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
- Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
  - Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.

“Where is everyone going?” asked Valécia.  
 “We’re going to Gogo Moeng’s house. It is her birthday,” explained Siphó.  
 “I’ve got a bunch of flowers for Gogo Moeng. Can I come too?” asked Valécia.  
 “Of course,” said Momma and off they marched.  
 The bunch of flowers made Valécia sneeze, “*Achooi! A-A-Achooo!*”  
 The chubby chicken went *chuk-chuk-chook, chuk-chuk-chook*, the packet of crispy potato chips went *crinkle-cribble, crinkle-cribble* down went *bobbity-bob* and Momma’s slippers went *pliff-pliff, pliff-pliff* down the dusty path until they saw Mr Sithole digging in his vegetable garden.  
 “Ngabe nilibangisephi?” kubuza uValécia.  
 “Siya endlimi kaGogo Moeng. Usuku lwakhe lokuzalwa,” kuchaza uSiphó.  
 “Ngingezimbali zikaGogo uMoeng. Ngingeza nami?” kubuza uValécia.  
 “Ungabe usabuzi,” kusho uMama, babeqhubeka njalo nendlela. Izimbali zenza ukuthi uValécia athimule, “*Ahhi! A-A-Ahhi!!!*” Inkukhu ekhuluphelele yathi *kuku-kuku-kuku*, iphakethe lamashibusi lathi *klamu-klamu*, ibhelunde likaMntwana uBheka lithi *bham-bham-bham* ngesikhathe ophaga bakama bechi *phaga-phaga, phaga-phaga* behla ngenlela yobhunu baze babona noMntwana Sithole elima esivandeni sakhe.



## Momma Moeng’s surprise

### UMama Moeng wenza obekungalindelekile

Momma Moeng sets out to surprise Gogo Moeng on her birthday. She carries the jar of jam she made on her head, and ties Baby Beka and his blue balloon to her back. Along the way, they meet many more well-wishers, and Momma Moeng ends up heading a noisy, colourful procession carrying piles of presents to Gogo. When they finally get to Gogo’s house, there is a short pause, but then the party really gets going!

UMama uMoeng uzimisele ukwenzela uGogo uMoeng angakulindele ngosuku lwakhe lokuzalwa. Uthwala ibhodlela likajamu ekhanda, bese ebeletha uMntwana uBheka kanye nebelunde lakhe alithandayo. Endleleni, bahlangana nabanye abamfisela okuhle, bese uMama egcina esehamba nequlu elibanga umsindo, elijabule elithwele iziphó eziningi zikaGogo. Ekugcineni, uma befika endlini kaGogo, kuba khona okuthile okungahambi kahle, bese iqhubeka nokho iphathi!

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children’s potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal’ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Joan Rankin  
 Tamsin Hinrichsen  
 Natalie Hinrichsen



Lapho uMntwana uBheka ezwa iphunga lekhekhe wanambitha wathi *ncam, ncam, ncam*.  
 Inkukhu ekhuluphela yathi kuku-kuku-kuku, iphakethe lamashibusu lathi klamu-klamu, ibhelunde likaMntwana uBheka lathi *bham-bham-bham* ngesikhathi ophaqa bakaMama beThi *phaqa-phaqa, phaqa-phaqa* behla ngendlela yobhuqu baze bahlangana noValencia.

It all started when Momma Moeng made a jar of jam for Gogo Moeng's birthday. Then Baby Beka found his best blue balloon. He wanted to give it to Gogo for her birthday.

Momma tied Baby Beka to her back with a soft blanket. Then she put the jar of jam on her head and off she marched to Gogo Moeng's house. Baby Beka's balloon went *bobbity-bob* and Momma's slippers went *pliff-ploff, pliff-ploff* down the dusty path until she met Siphon coming out of the Tip-Top shop.

"Where are you going, Momma Moeng?" asked Siphon.

"Baby Beka and I are going to Gogo Moeng's house. It's her birthday today," replied Momma.

"I've got a packet of crispy potato chips for Gogo Moeng. Can I come too?" asked Siphon.

"Of course," Momma smiled and off they marched.

Kwaqala lapho uMama uMoeng enza ujamu ogcwele kibhodlela wosuku lokuzalwa lukaGogo uMoeng. UMntwana uBheka wase ethola ibhelunde lakhe eliphambili eliluhlaza okwesibhakabhaka. Wayefuna ukulinika uGogo ngosuku lwakhe lokuzalwa.

UMama wabeletha uMntwana uBheka ngengubo ethambile. Wase ethwala ibhodlela likajamu ehamba eqonde endlini kaGogo Moeng. Ibhelunde loMntwana uBheka lathi *bham-bham-bham* kanti ophaqa bakaMama bona bathi *phaqa-phaqa, phaqa-phaqa* ngenkathi ehla ngendlela ewubhuqu waze wahlangana noSiphon ephuma esitolo iTip-Top.

"Uyaphi, Mama uMoeng?" kubuza uSiphon.

"Mina noMntwana uBheka siya endlini kaGogo uMoeng. Usuku lwakhe lokuzalwa namhlanje," kuphendula uMama.


"Nginamashibusu amazambane aklamuzela kamnandi kaGogo uMoeng. Ngingeza nami?" kubuza uSiphon.

"Impela," uMama wamamatheka, baqhubeka nendlela yabo.




"Where are you all going, Momma Moeng?" Mr Sithole asked. "We're going to Gogo Moeng's house. It's her birthday," she replied. "I have a trolley full of vegetables for her," said Mr Sithole. "Please could you give it to her?"  
 "Of course," answered Momma. But now Momma had a BIG problem - there was too much to carry! She had to think of a plan. First, she took Baby Beka off her back and then tied the chubby chicken onto her back with the soft blanket. Baby Beka SCREAMAAAAA! So, Momma put the chubby chicken on top of the trolley and tied Baby Beka onto her back with the soft blanket. Baby Beka was happy and the chubby chicken was very happy to peck at all the vegetables. But Momma wasn't happy with this so she put the chubby chicken on Valencia's head. The feathers tickled Valencia's nose and made her sneeze even more, "AAAAA-CHOOOOO!" Valencia wasn't happy.

Waqala, wehlisa uMntwana uBheka emhlanje wase ebophela inkukhu ekhuluphela ngengubo ethambile. UMntwana uBheka WAKHALA KAKHU-U-U-U-U! Ngakho kwadingeka ukuthi abeke inkukhu ekhuluphela engoleni bese ephinda ebeldtha uMntwana uBheka ngengubo ethambile. Wathokoza uMntwana uBheka kanani nenkukhu ekhuluphela yakuthokozele ukungqofa yonke imifino. Kodwa uMama wayengathokozele ngalokhu ngakho wabeka inkukhu ekhuluphela ekhanda likaValencia. Izimpaphe zakitaza ikhala likaValencia zamenza wathimula kakhulu futhi, "AAAAA-THIIIIII!" Akuzange kumthokozele lokhu uValencia.



“S-I-C-E-L-A isambulela sethu? Sifuna ukwenza indlu ekhethekile,” kusho usisi.  
 “Uxolo, Sisi, naso ngisisebenzile,” kusho ubaba.



“Then can we P-L-E-A-S-E have our umbrella? We want to make a special house,” asked Sisi.  
 “Sorry, Sisi, I’ve used that too,” said Daddy.

“SISI Play HOUSE!”  
 “SISI DIALO ZINDLU!”



**About the author**

*Daddy’s surprise* is part of a collection of stories in *Sisi goes to school and other stories* published by Human & Rousseau (an imprint of NB Publishers), written by Wendy Hartmann and illustrated by Joan Rankin. Available in bookstores now.

Wendy, who has had more than 40 children’s books published, lives in Table View. Apart from writing, she also paints.

In 2007 her book *Nina and Little Duck* was awarded the coveted M.E.R. Prize for illustrated children’s books. Her book *In a House, in a House* was on the shortlist for the 2010 M.E.R. Prize and *Just Sisi* won the 2011 M.E.R. Prize for best illustrated children’s book.




Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children’s potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal’ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

**Daddy’s surprise**

**UBaba wenza obekungalindelekile**



Wendy Hartmann  
 Joan Rankin





"Then can we play with our tyres?" asked Sisi.  
 "We want to roll them down the hill."  
 "Not today, Sisi," said Daddy. "I'm using them."  
 "But D-a-a-d-y . . . ."  
 "Ngabe singadlala ngamathaya ethu?" kubuza uSisi. "Sifuna ukuwagqingqa ehle ngegquma."  
 "Hhayi namhlanje, Sisi," kusho uBaba. "Ngiyawasebenzisa."  
 "Kodwa B-a-a-b-a . . . ."



"Sisi! What's wrong?" asked Mama.  
 "Why is your brother crying?"  
 "Sisi! Kwenzeni?" kubuza uMama.  
 "Kungani umfowenu ekhala?"

"Where's Daddy?" asked Sisi. "Maaa . . . ?  
 Where's Daddy? He said he had a surprise  
 for us."

"Uphi uBaba?" kubuza uSisi. "Maaa . . . ?  
 Ukuphi uBaba? Uthe uzosenzela  
 okuthile esingakulindele."



"LOOOOK!  
 Our house!  
 My shop!"

"BHEEEEEKANI!  
 Indlu yethu!  
 Isitolo sami!"



"Roll! Roll! Roll!"

"Gingqiyane! Gingqiyane! Gingqiyane!"



"Akumina!" kusho uSisi. "Ubaba! Ubaba udlala ngamathoyizi ETHU."

"It's not me!" said Sisi. "It's Daddy! Daddy is playing with OUR toys."



"Gingqiyane! Gingqiyane! GINGQIYANE!"

"Roll! Roll! ROLL!"

"Ah, picnic time," said Mama.

"Ah, sekuyisikhathi sepikiniki," kusho uMama.



Dad smiled proudly.

UBaba wamamatheka ngokuziqhenya.



"Daddy is busy, Sisi," said Mama. "So, please, both of you play outside for a little while."

"But Maaa . . ."

"UBaba umatasatasa, Sisi," kusho uMama. "Ngakho-ke, ngicela nobabili niyodlala ngaphandle okwesikhashana."

"Kodwa Maaa . . ."




Bang!  
Bang!

Gqwa!  
Gqwa!



“Daddy . . . can we have our box? We want to play spaza shop,” asked Sisi.  
 “No, Sisi,” said Daddy, “I’ve used it for something.”  
 “But Daddy . . .”  
 “Baba . . . ungakwazi ukusinika ibhokisi lethu? Sifuna ukudlala i-spaza shop,” kubuza usisi.  
 “Cha, Sisi,” kusho uBaba. “Ngilisebenzise kokuthile.”  
 “Kodwa Baba . . .”



“SURPRISE!”  
 “NAZO!”



“IBHOKISI!”  
 “BOX!”  
 “Isu elihle lelo. Ngizolicela kuBaba.”  
 “Good idea. I’ll ask Daddy.”





So, Momma took the chubby chicken and put it on Siphos' head and she gave him Valécia's flowers to hold. Now Valécia had two hands free to hold the cake. And Momma had two hands free to push the trolley. Everyone was happy and off they marched to Gogo Moeng's house.

The wheels of the trolley went *squeak-squeak-squeak*. Valécia had icing from the cake on her cheeks so her tongue went *stirp-stirp-stirp*. Baby Beka mumbled, "Nummy, nummy, nummy." The chubby chicken went *chuk-chuk-chook, chuk-chuk-chook*, the packet of crispy potato chips went *crinkle-cribble*, Baby Bekas' balloon went *bobity-bob* and Mommas' slippers went *pliff-ploff, pliff-ploff* down the dusty path all the way to Gogo's house.

Amasondo engqola akhala athi *nsege-nsege-nsege*. Valécia wayenokhulimu wekhokhe esihlatini sakhe ngakho ulimi lwathi *khohi-khohi-khohi*. UMntwana uBheka wanambitha wathi *ncam-ncam-ncam*. Inkukhu ekhuluphele yathi *kuku-kuku-kuku*, iphakethe lamashibusu lathi *klamu-klamu*, ibhelunde likaMntwana uBheka lathi *bham-bham-bham* ngesikhathi ophaga bakamiMama beThi *phaga-phaga, phaga-phaga* behla ngenjela yobhunuqo baze bayongena endlini kaGogo.

When she opened it everyone started singing a happy-birthday song.


On the table were the vegetable pie and jam tarts that Momma had made, newly laid eggs from the chubby chicken, the special birthday cake and the crispy potato chips. The table was decorated with flowers and Baby Beka's beautiful blue balloon.

"THIS IS MY BEST BIRTHDAY EVER!" said Gogo. And she should know, because Gogo had already had at least eighty or ninety birthdays before this one!

Lapho ewuvula, wonke umuntu waqala ukucula iculo lokumfisela usuku lokuzalwa olumnandi.

Etafuleni kwakukhona uphaya wemifino kanye namathathi kajamu okwakwenziwe uMama, kunamaqanda asanda kuzalelwa yinkukhu ekhuluphele, ikhekhe lekhethe losuku lokuzalwa kanye namashibusu amazambane aklamuzelayo. Itafula lalihlotshiwe ngezimbali kanye nebhelunde elihle eliluhlaza okwesibhakabhaka likaMntwana uBheka.

"LOLU USUKU LOKUZALWA OLUHLE KUNAZO ZONKE ENGAKE NGABA NAZO!" kusho uGogo. Futhi wayekwazi kangcono lokhu, ngoba uGogo wayesebe nezinsuku zokuzalwa okungenani ezingamashumi ayisishiyagalombili noma ezingamashumi ayisishiyagalolunye ngaphambi kwalolu!




"We must get a birthday cake for Gogo," said Momma. They went inside. *Ting-a-ling* went the doorbell. "Good morning, Mrs Makabelo. Did you know today is Gogo Moeng's birthday?" "Oh yes," said Mrs Makabelo. "I have baked a special cake for her, but I can't leave the shop. Could you take it to her?"

"Of course," offered Momma, but there was a problem – Momma needed two hands to carry the cake. So, she made a plan. She put the chubby chicken on top of the jar of jam that she was carrying on her head. Now she had two hands to carry the special birthday cake. Off marched Momma, Baby Beka and Siphos through the *ting-a-ling* door. When Baby Beka smelt the cake he mumbled, "Nummy, nummy, num-num."

The chubby chicken went *chuk-chuk-chook, chuk-chuk-chook*, the packet of crispy potato chips went *crinkle-cribble*, Baby Bekas' balloon went *bobity-bob* and Mommas' slippers went *pliff-ploff, pliff-ploff* down the dusty path until they met Valécia.

"Kumlele sitholele uGogo ikhekhe losuku lokuzalwa," kusho uMama. Bangena phakathi. *Khence-khence*, kukhala insimbi emnyango. "Sawubona, Nkosikazi uMakabelo. Ngabe bewazi ukuthi namhlanje usuku lokuzalwa lukaGogo uMoeng?" "O, yebo," kusho uNkosikazi uMakabelo. "Ngimbhakela ikhekhe lekhethe, kodwa angikwazi ukushiya la esitolo. Ningangihambisela lona?"

"Ubala lolu," kuzinikela uMama, kodwa kwakunenkanga – uMama wayedinga izandla ezimbili ukuzaphathe ikhekhe. Ngakho, uMama wayedidinga izandla ezimbili ukuzaphathe ikhekhe. Ngakho, uMntwana uBheka nosiphos bephuma ngomnyango okhala insimbi ngazo ikhekhe lekhethe. Baqhubeka nohambo oMama, ethi *khence-khence*.



"I've got a chubby chicken for Gogo Moeng. Can you give it to her?" asked Mr Shabalala.

"Of course," said Momma tucking the chubby chicken under her arm and off marched Momma, Baby Beka and Siphho.

The chubby chicken went *chuk-chuk-chook, chuk-chuk-chook, the packet of crispy potato chips went crinkle-krinkle, Baby Beka's balloon went bobbity-bob and Momma's slippers went pliff-ploff, pliff-ploff* down the dusty path until they came to Mrs Makabelo's home-bake shop.

"Ngingenkukhu ekhuluphela kaGogo uMoeng. Ngabe ningamnika yona?" kubuza uMnumzane uShabalala.

"Ungabe usabuza," kusho uMama efaka inkukhu ekhuluphela ngaphansi kwekhwapha, beqhubeke nohambo oMama, uMntwana uBheka noSiphho.

Inkukhu ekhuluphela yathi *kuku-kuku-kuku*, iphakethe lamashibus! lathi *klamu-klamu*, ibhelunde likaMntwana uBheka lathi bham-bham-bham ngesikhathi ophaqa bakaMama bethi *phaqa-phaqa, phaqa-phaqa*, behla ngendlela ewubhuqu wasekhaya behla ngendlela ewubhuqu baze bafika esitolo sombhako wasekhaya sikaMkosikazi uMakabelo.

Siphho's packet of crispy potato chips went *crinkle-krinkle*, Baby Beka's balloon went *bobbity-bob* and Momma's slippers went *pliff-ploff, pliff-ploff* down the dusty path until they came to Mr Shabalala, who was feeding his chickens.

"Where are you going?" he asked.

"We're going to Gogo Moeng's house. It's her birthday," answered Momma.



Iphakethe likaSiphho lamashibus! amazambane aklamuzelayo lathi *klamu-klamu*, ibhelunde loMntwana uBheka lalithi *bham-bham-bham* ngesikhathi ophaqa bakaMama bethi *phaqa-phaqa, phaqa-phaqa*, behla ngendlela ewubhuqu baze bafika kuMnumzane uShabalala, owayepha izinkukhu zakhe ukudla.

"Niyaphi?" kubuza yena.

"Siya endlini kaGogo Moeng. Usuku lwakhe lokuzalwa," kuphendula uMama.

UMama wangqongqoza emnyango wangaphambili. USiphho washaya ikhwela. Wamemeza uValencia. Kodwa akuphendulanga muntu. UMama wadudula isicabha sangaphambili base bengena bonke. Kodwa kwakukhala ibhungzi. Babheka ekhishini - kwakungekho muntu. Babheka ekamelweni lokulala - kwakungekho muntu. Babheka yonke indawo. Ngabe uphi uGogo? UMama wathi, "Ake sivele siphake mhlawumbe uGogo uzophamuka."

Ngakho yilokho okwenziwa yiibo bonke - yebo yiibo bonke ngaphandle kukaMntwana uBheka. Wahlala phezu kwekhabethe lasekhishini eduze kwefasitela walokhu ebuka waze wabona uGogo ehamba ezansi kwegquma elingumqansa.



Momma knocked on the front door. Siphho whistled. Valencia shouted. But there was no reply. Momma pushed the front door open and they all went inside. But there was no one there. They looked in the kitchen - nobody. They looked in the bedroom - nobody. They looked everywhere. Where could Gogo be? Momma said, "Let's get cooking and maybe Gogo will turn up." So that is what everyone did - everyone except Baby Beka. He sat on the kitchen counter next to the window and watched until he saw Gogo walking way down the path at the very bottom of the steep hill.

"Gogo! Gogo!" he called. Everyone looked.

"GOGO! GOGO!" everyone shouted together. "GOGO!"

Way down at the bottom of the steep hill Gogo said, "EE-EE-EE. Someone is calling me. Now I can't go to the shops to buy my birthday supper."

Gogo turned round and walked all the way up the steep hill. Her slippers went *shuffle-shuffle* on the dusty path. Finally she reached the back door.

"Gogo! Gogo!" kumemeza yena. Bonke babheka ngakhona.

"GOGO! GOGO!" kumemeza wonke umuntu kanyekanye. "GOGO!"


Le ezansi negquma elingumqansa uGogo wathi, "EE, EE, EE. Kukhona umuntu ongibizayo. Manje angeke ngisakwazi ukuyothenga ukudla kwakusihlwa kosuku lwami lokuzalwa."

UGogo waphenduka wase ekhuphuka igquma eliwumqansa. Izicathulo zakhe zithi *shi-shi-i* endleleni yobhuqu. Ekugcineni wafika emnyango ongemuva.



## Your story

Here are two pictures and a piece of writing sent to Na'ibali by three of our readers from Limpopo. Enjoy them – and send us your stories and drawings! You stand a chance of having them published in the Na'ibali supplement, or on the Na'ibali Facebook page. Remember: it has to be all your own work!



Trecious Motshana, 11 years old, Ikaneng Reading Club  
UTrecious Motshana, oneminyaka eyi-11, wase-Ikaneng Reading Club



## Indaba yakho

Nazi izithombe ezimbili kanye nokubhaliwe okubili okwathunyelelwa uNa'ibali abafundi abathathu abavela eLimpopo. Kuthokozeleni – bese nisithumelela izindaba zenu kanye nalokho enikudwebile! Nizoba semathubeni okuthi kushicilelwe esithasiselweni sakwaNa'ibali, noma ekhasini likaNa'ibali elikuFacebook. Khumbula ukuthi: kumele kube umsebenzi wakho kuphela!



Mom – my role model. She cooks for me. She buys me clothes and food.

Rinky Themba,  
7 years old

UMama –  
uyisibonelo esihle kimi. Uyangiphekela. Ungithengela izingubo kanye nokudla.

URinky Themba,  
oneminyaka eyi-7

### Ukufunda kanye nokwabelana ngenjabulo oSukwini Lwezingane

Igama lami nginguLokišetšo Journey Masemola. Ngazalwa mhla zi-05 kuNtulikazi wezi-2004 eLimpopo eGlen Cowie Hospital. Ngiyintombazanyana eneminyaka eyi-10 futhi nginsundu ngokwebala. Ngikhuluma iSepedi. Nginodadewethu ababili kanye nomfowethu oyedwa. Sihlala kuRDP eJane Furse, eduze kwaseMgwanamatlang Village. Sihlala nomama wethu.

Ngifunda eDikgabje Primary School. Kukhona umtapo wezincwadi esikoleni sethu. Ngisethimbeni elibizwa ngokuthi iDikokwane. Uma ngifunda indaba ngizizwa sengathi ngiwumuntu owabelana nabanye. Lokhu ngikwenza kahle kakhulu.

Angifuni ukuphuthelwa inoma imuphi umcimbi/umgubho woSuku Lwezingane, ngoba ngiyakuthanda ukuba nenjabulo kanye nokwabelana ngayo nezinye izingane zasemphakathini wami kanye nezangaphandle kwawo. Ngifuna ukuba yingane ekwaziyo ukuthi "cha" ebantwini engingabazi; "cha" ezintweni engingazazi. Ngifuna ukuba ingane elalelayo ekhaya kanye nasesikoleni.

Ngiyethemba ukuthi indaba yami izoshicilelwa eSithasiselweni sakwaNa'ibali njengalezo zezinye izingane isibonelo, u-Innocent Nape waseMakuparate Primary School, e-Ikaneng Reading Club, uMamone noKelebogile baseChampion's Reading Club eBloemfontein.

ULokišetšo Journey Masemola, oneminyaka eyi-10

learning and sharing joy in children's day.  
My name is Lokišetšo Journey Masemola. I was born in 05 July 2004 in Limpopo in Glen Cowie Hospital. I am a girl and I am 10 years of age, and dark in colour. I am speaking Sepedi. I have two sisters and one brother. We live in RDP JANE FURSE next to Mgwanamatlang village, we live with our mother. I attend my school lessons in Dikgabje Primary School. There is a library at our school. I am in a group called Dikokwane. When I read a story, I feel like I am that person who is sharing. I do it very good. I think I do not have to miss to attend a children's day, because I like to have joy and share it with other children in or out of our community. I want to be a child who can say no to strangers, no to strange things. I want to be a good listener in my home and in my school. I wish my story will be published in NAI'IBALI news like others e.g. Innocent Nape from Makuparate Primary School, Ikaneng Reading Club, Mamone, And Kelebogile from Champions Reading Club from Bloemfontein.

Lokišetšo Journey Masemola, 10 years old


Send your writing and pictures to: [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org), or PRAESA, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wycroft Road, Mowbray, 7700.

Thumela lokho okubhalile kanye nezithombe ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org), noma ku-PRAESA, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wycroft Road, Mowbray, 7700.



# Pat, the singing rhino

By Kgosi Kgosi ✨ Illustrations by Jiggs Snaddon-Wood



There once was a rhinoceros named Pat who lived in Limpopo Province. He loved to sing and his family and friends loved listening to him. One day he decided to leave home to become famous.

He travelled all over South Africa singing to the different people of the country. There was not a part of the country he did not go to. If it was a well-known place, he had been there. He could not imagine himself doing anything else and he became very proud.

One day, while he was on a stage singing a beautiful song to thousands of people, Pat suddenly began to croak. He coughed, and tried to carry on singing, but he croaked again. He tried a number of times, but then Pat realised that he had lost his voice! No matter how hard he tried, he could not sing. He couldn't even speak!



"We want our money back!" the people shouted. They grew very angry and began throwing mud at him. The mud splashed all over his face and poor Pat could not see properly. His clothes were very dirty. Pat was scared. He had never before felt so bad. This made him a very sad rhino.

Pat decided to go back to his home in Limpopo. On his way home, he kept wondering if he would ever get his beautiful voice back and be able to sing again.

People in the streets laughed and made fun of him. "You are not so famous now!" said one. Everyone was rude to him that day.

As Pat was walking along he met a very strange old woman. She had long white hair, a big nose, scary blue eyes and she was as thin as a stick.

"Your voice is not lost forever," she said to Pat. "You must search and find it. Remember this: always do things with love in your heart."

Then the old woman told Pat that there was only one special place in the country where he would find his voice, but she did not tell him where it was. Pat knew that he had to travel around the country again, but this time it would be to find the special place where the old woman had said he would find his voice.

The next day Pat began his search. He went to Cape Town where he had sung in a carnival with lots of other singers. He had no luck there. He did not find his voice. All he found were a few thoughts of how well he had sung before and how proud he had been then.

So, he went on to Namaqualand in the Northern Cape where he tried to sing to the Khoisan people, but he could not sing and his voice was nowhere to be found.

Pat went to the Kingdom of Zululand where he tried to sing for the Zulu king and his people, but still his voice was nowhere to be found. The king and his people helped Pat search the whole kingdom, but no one could find Pat's voice.



In the end, Pat had travelled to every place in the country and had given up all hope of ever finding his voice. He was miserable and alone. He found himself missing his family and friends.

So, the very next day Pat decided to go back home to Limpopo. He was going to go back to the place where he was born.

It took a long, long time for him to get there, but at last he was home. Everyone was so happy to see him. Pat was happy to see them too, but he was sad because he could not say a single word. He wanted to tell them tales of his travels, of the wonderful things he had seen and, of course, that he had lost his voice. He was very tired, but glad to see how many people loved him.

When all Pat's friends had gone home, his mother brought him a bowl of hot soup and a slice of bread. Then she tucked him into his bed and kissed him good night. Pat fell fast asleep and slept until morning.

When Pat woke up, he did not know where he was. He kicked off his blankets and jumped out of bed. Then he remembered that he was at home with his family and friends who loved him.

"Mother!" he shouted. The word came out loudly. "Mother!" he called again just to make sure that his voice was still working.

Pat jumped up and hugged his mother when she walked into his bedroom. "Mother, my voice is back. I can speak again." Pat's mother had never seen him this happy. It filled her heart with happiness to see him smile again. She called everyone together and Pat sang for them. They had missed hearing his voice and having him around.

Pat stayed home for good. He never went back on stage. It turned out that home was where his voice was. He realised that everything he had thought was wonderful when he was travelling, was not as wonderful as the happiness and love he had at home.

Kwakukhona ubhejane ogama lawo linguPat owayehlala eSifundazweni saseLimpopo. Wayethanda ukucula kanti-ke nomndeni wakhe kanye nabangani bakhe babethanda ukumlalela ecula. Ngelinye ilanga wanquma ukuhamba ekhaya ukuze ayoba usaziwayo.

Wahamba kulo lonke elaseNingizimu Afrika eculela abantu abahlukene basezweni. Kwakungekho neyodwa indawo ezweni angazange aye kuyo. Uma kwakuyindawo eyaziwa kakhulu, wayeke wafika kuyo. Wayengaziboni enza enye into ehlukile kanti lokho kwamenza wakhukhumala kakhulu.

Ngelinye ilanga, ngesikhathi esesiteji eculela izinkulungwane zabantu iculo elimnandi, kusenjalo uPat waqala ukuculisa okwesele. Wathinta isikhwehlela, wase ezama ukuqhubeka nokucula, kodwa waculisa okweseselesele futhi. Wazama izikhathi eziningana, kodwa uPat waqonda ukuthi ulahlekelwe izwi lakhe! Noma wayezama kakhulu kangakanani, wayengakwazi ukucula. Wayengakwazi nokukhuluma imbala!



“Sicela ukubuyiselwa imali yethu!” kumemeza abantu. Baya ngokuveva intukuthelo base bemjikijela ngodaka. Udaka lwalugcwele ubuso bakhe kanti uPat wabantu wayengaboni kahle. Izingubo zakhe zazingcole kakhulu. UPat wayethukile. Wayengazange wazizwa kabi kanje ngaphambilini. Lokhu kwamenza waba ubhejane odangele kakhulu.

UPat wanquma ukubuyela ekhaya lakhe eLimpopo. Endleleni yakhe eya ekhaya, wayelokhu ezibuza ukuthi ngabe uyophinda abe nalo yini izwi lakhe elihle.

Abantu ababesemgwaqweni bamhleka baphinde bahlekisa gaye. “Sewuphelelwe ushatini, awusadumile manje!” kusho omunye. Bonke abantu babengakhulumi kahle naye ngalelo langa.

Ngesikhathi uPat eqhubeka nohambo wahlangana nesalukazi esixakile. Sasinezinwele ezinde ezimhlophe, ikhala elikhulu, amehlo aluhlaza okwesibhakabhaka esabekayo futhi some njengokhuni.

“Izwi lakho alilahlekile unomphela,” kusho sona kuPat. “Kumele ulifune ulithole. Kodwa ukhumbule lokhu: yenza zonke izinto ngothando enhliziyweni lakho.”

Isalukazi satshela uPat ukuthi yinye kuphela indawo ekhethekile lapho ezothola khona izwi lakhe, kodwa asimtshelelanga ukuthi kwakuyikuphi lapho. UPat wayazi ukuthi kumele ahambe izwe lonke futhi, kodwa-ke manje kwakuzokuba ukuthola indawo ekhethekile lapho isalukazi sasithe uzothola khona izwi lakhe.

Ngosuku olulandelayo uPat waqala ukufuna. Waya eKapa lapho ayecule khona kukhanivali kanye nabaculi abaningi. Akazange aphumelele lapho, akalitholanga izwi lakhe. Into kuphela ayithola kwaba imicabango ngokuthi wayecule kahle kangakanani phambilini nokuthi wayeziqhenya kanjani ngaleso sikhathi.

Wase eya eNamaqualand eNyakatho Kapa lapho azama khona ukuculela amaKhoisan, kodwa akakwazanga ukucula kanti nezwi lakhe lalingekho ndawo.

UPat waya eBukhosini bakwaZulu lapho azama khona ukuculela iSilo samaZulu kanye nabantu baso, kodwa nalapho lalingabonwa izwi lakhe. ISilo kanye nesizwe saso sasiza ekufuniseni uPat esizweni sonke, kodwa akukho namunye owakwazi ukuthola izwi likaPat.



Ekugcineni, uPat wayesehambe yonke indawo ezweni futhi wayeselahlekelwe nayithemba lokugcina lokuthola izwi lakhe. Wayedangele futhi eyedwa. Wazithola ekhumbula umndeni kanye nabangani bakhe.

Ngakho-ke, ngakusasa uPat wanquma ukubuyela ekhaya eLimpopo. Wayebuyela endaweni azalelwa kuyo.

Kwamthatha isikhathi eside kakhulu ukuthi afike lapho, kodwa-ke wayesefikile ekhaya ekugcineni. Wonke umuntu wayejabule kakhulu ukumbona. NoPat wayejabule ukubabona futhi, kodwa wayebhocobele ngoba wayengakwazi nokuphimisa izwi elilodwa. Wayefuna ukubaxoxela ngokwenzeka ohambeni lwakhe, ngezinto ezinhlle azibonile kanye, empeleni, nokuthi wayelahlekelwe izwi lakhe. Wayekhathele kakhulu, kodwa kwamthokozisa ukubona ukuthi bangaki abantu ababemthanda.

Lapho sekuhambe bonke abangani bakaPat, unina wamlethela isobho ngendishi kanye nocezu lwesinkwa. Wase emfaka embhedeni wase emqabula emfisela ubusuku obuhle. UPat washeshe wazumeza futhi walala kwaze kwasekuseni.

Lapho uPat evuka, akazanga ukuthi ukuphi. Wakhahlela izingubo wase ephuma embhedeni. Wase ekhumbula ukuthi wayesekhaya nomndeni wakhe kanye nabangani bakhe abamthandayo.

“Mama!” kumemeza yena. Izwi laphuma kakhulu. “Mama!” waphinde wamemeza futhi ukuze aqinisekise ukuthi izwi lakhe lalisasebenza.

UPat wagxuma wanga umama wakhe ngesikhathi engena egumbini lakhe lokulala. “Mama, libuyile izwi lami. Sengiyakwazi ukukhuluma futhi.” Unina kaPat wayengakaze ambone ethokoze kangaka. Inhliziyo yakhe yagcwala injabulo uma embona emamatheka futhi. Wabizela wonke umuntu ndawonye uPat wase ebaculela. Babekhumbula ukuzwa izwi lakhe kanye nokuba naye.

UPat wahlala ekhaya impilo yakhe yonke. Akazange abuyele eshashalazini. Kwatholakala ukuthi izwi lakhe belisekhaya. Wabona ukuthi yonke into ebecabanga ukuthi inhle ngesikhathi ebethatha uhambo, yayingeyinhle kunenjabulo kanye nothando ayenalo ekhaya.

# Nal'ibali fun

# Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

How much do you know about Noodle? Choose the correct word from each pair of red words to complete the paragraph about him.

Noodle is **Neo's/Bella's** pet **dog/cat** and he is friends with all of Bella's friends! Sometimes Bella thinks she should have taken him to puppy school when he was younger because he can be very naughty! When Bella and her mom are reading together, Noodle likes to lie near them in case they are reading a story with animal **food/sounds** in it – he likes these stories very much, especially if they have dogs **barking/singing** in them. Noodle loves to be in places where he can run around and **jump/dig**. And when he's done that, there is nothing that he likes more than to have a drink of **tea/water** and a **dog biscuit/bath**!

Wazi kangakanani ngoNoodle? Khetha igama elifanele epheveni ngalinye lamagama abomvu ukuze uqedele isigaba esimayelana naye.

UNoodle uyisilwane esingumngani sika**Neo/Bella** esiyinja/**ikati** futhi ungumngani wabo bonke abangani bakaBella! Ngesinye isikhathi uBella ucabanga ukuthi ngabe kungcono ukuba wayemhambise esikoleni semidlwane ngesikhathi esemncane ngoba wayemhambise esikoleni eduze kwabo ngoba mhlawumbe bazofunda indaba emayelana no**kudla/ imisindo** yezilwane kuyo – uyazithanda kakhulu lezi zindaba, ikakhulukazi uma zinezinja **ezikhonkothayo/eziculayo** kuzo. UNoodle uyathanda ukuba sezindaweni azokwazi kuzo ukugijima bese **egxuma/emba** kuzo. Futhi uma eseqedile ukwenza kanjalo ayikho into ayithanda ukudlula **itye/amanzi** kanye **nebhisi/leziya/ukugeza**!



Can you unscramble the letters to make the names of the places Pat visited in the story, "Pat, the singing rhino" on page 14?

- LOPIMPO \_\_\_\_\_
- TCAOPWNE \_\_\_\_\_
- CPAENNOREHT \_\_\_\_\_
- QDNALUAMANA \_\_\_\_\_
- DNALLUUZ \_\_\_\_\_



Ngabe ungakwazi ukumisa kahle izinhlamvu zamagama ukuze wakhe amagama ezindawo ezivakashelwe uPat endabeni ethi "uPat, ubhejane oculayo" ekhasini le-15?

- LOPIMEPO \_\_\_\_\_
- APEKA \_\_\_\_\_
- EKANYAPAKATHO \_\_\_\_\_
- EQDNALUAMANA \_\_\_\_\_
- AKWULUZ \_\_\_\_\_

Two of the stories in this edition are about surprises. Follow the steps below to create your own poem about surprises. Each line of your poem starts with a letter from the word, "surprise".

- On a separate sheet of paper, write down all the words or phrases you can think of when you hear the word, "surprise".
- Choose which of these words or phrases you want to use in your poem. Remember each line of your poem has to start with a letter from the word, SURPRISE. For example: you could write "people and presents" on the line that starts with the letter, "p".
- Add in any other words you need to complete your poem.
- Read your poem aloud!

S \_\_\_\_\_  
 U \_\_\_\_\_  
 R \_\_\_\_\_  
 P \_\_\_\_\_  
 R \_\_\_\_\_  
 I \_\_\_\_\_  
 S \_\_\_\_\_  
 E \_\_\_\_\_



- Answers:
- Bella's, dog, sounds, barking, dig, water, dog biscuit
  - Limpopo, Cape Town, Northern Cape, Namagqualand, Zululand
  - Izimpando:
  - Bella, injla, imisindo, ezikhonkothayo, emba, amanzi, nebhisi/leziya
  - Elinpopo, ekapa, ehlyakatho kapa, eNamagqualand, kwazulu

Ufunde izindaba ezimbili kulolu shicilelo ezimayelana nokwenzeka kokungalindelekile. Landela izinyathelo ezingezansi ukuze uzakhele inkondlo yakho emayelana nokwenzeka kokungalindelekile. Umugqa ngamunye wenkondlo yakho uqala ngohlamvu lwegama elithi, "okungalindelekile".

- Ephepheni eliseceleni, bhala wonke amagama noma izisho ozicabangayo uma uzwa igama elithi, "okungalindelekile".
- Khetha ukuthi imaphi kula magama noma imisho ofuna ukukusebenzisa enkonkweni yakho. Khumbula ukuthi umugqa wenkondlo yakho ngamunye uqala ngegama elithi, OKUNGALINDELEKILE. Isibonelo, ungabhala ukuthi "ngiyabonga futhi ngiyabona" emugqeni oqala ngohlamvu lwegama u-"n".
- Yengeza noma imaphi amanye amagama owadingayo ukuze uqedele inkondlo yakho.
- Funda inkondlo yakho kakhulu!

O \_\_\_\_\_  
 K \_\_\_\_\_  
 U \_\_\_\_\_  
 N \_\_\_\_\_  
 G \_\_\_\_\_  
 A \_\_\_\_\_  
 L \_\_\_\_\_  
 I \_\_\_\_\_  
 N \_\_\_\_\_  
 D \_\_\_\_\_  
 E \_\_\_\_\_  
 L \_\_\_\_\_  
 E \_\_\_\_\_  
 K \_\_\_\_\_  
 I \_\_\_\_\_  
 L \_\_\_\_\_  
 E \_\_\_\_\_

Look out for our special World Read Aloud Day edition of the Nal'ibali supplement in the week of 14 February 2016!

Visit our website: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)  
 Vakashela isizindalwazi sethu ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



Bheka ushicilelo lwethu olukhethekile loSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu esithasiselweni sakwaNal'ibali esontweni langomhla ziyi-14 kuNhlolanja wezi-2016!

Supplement produced by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.